+27 12 752-6200
info@nect.org.za
Ground Floor, Block D,
Lakefield Office Park,
272 West Avenue,
Centurion, 0163
https://nect.org.za/

# UKUSEKELA UKUFUNDA EKHAYA

## Umhlahlandlela wenombolo yokuqala kwezimbili kubazali nabanakekeli

Imithetho esemqoka yokufunda

Ukufunda ekhaya





# IMITHETHO ESEMQOKA YOKUFUNDA

Izingane zifundiswa ukufunda esikoleni. Ukuze zibe abafundi abangcono, zidinga ukusekelwa ekhaya.

Ukuze usize izingane zakho zithuthukise amakhono azo okufunda, kunezisekelo okufanele wonke umuntu aziqonde.

## Yimiphi imithetho ebalulekile?

- Ukufunda kuyinto engafundwa yingane ngayinye.
- Yiba nesineke futhi ube nomusa ezinganeni zakho lapho zifunda.
- Ncoma izingane zakho ngomzamo nen-thuthuko eziyenzayo.
- Khuthaza izingane zakho futhi wakhe ukuzethemba kwazo.
- Funda noma uxoxele izingane zakho izinda-ba kaningi ngangokunokwenzeka.

## Yini edingekayo ukuze ube umfundi oqinile?

**Ukuqwasha ngamagama abhaliwe:** Izingane kumele ziqonde ukuthi amagama abhaliwe anencazelo. Izincwadi zinezinhlamvu namagama.  Ziphinde zibenekhava yangaphambili nangemuva, futhi zifundwa ukusuka kwesokunxele kuye kwesokudla.

**Ukuqaphela imisindo**
Esikoleni kubizwa ngokuthi i-phonemic awareness. Ukuqaphela izingxenye zamagama akhulunyiwe kubizwa ngokuthi i- phonological awareness. Ungasiza izingane ukuba zakhe ulwazi lwemisindo ngalezindlela ezilandelayo:

- Dlala imidlalo yemvumelwano elula. Yisho amagama anemvumelwano, isibonelo: hlala, vhala. Cela ingane yakho ukuba isho amagama amasha anemvumelwana kunamagama owashilo.
- Cela izingane zakho ukuthi zivale amehlo azo. Bashayele isigqi bese ubacela ukuthi bashaye isigqi kanye nawe.
- Cela ingane yakho ukuthi ishaye izandla ngamagama ayo.  Ungakwenza futhi lokhu ngamagama ahlukene.
- Bheka izimpawu zamagama ekhaya bese ucela ingane yakho ukuthi ikutshele ukuthi uhlamvu lwenza muphi umsindo. Isibonelo, emaphaketheni okudla;K-Kellogs, A-Amasi, I-Insipho. Buza ingane yakho ukuthi ikutshele ukuthi uhlamvu lwenza muphi umsindo. Isibonelo, emaphaketheni okudla;K-Kellogs, A-Amasi, I-Insipho.

## Amagama emisindo

Lawa amagama ayizakhiwo zokufunda ukufunda.  Izingane kumele zazi ukuthi izinhlamvu zimele imisindo yolimi olukhulunywayo, nokuthi, kukhona ubudlelwano phakathi kwezinhlamvu nemisindo.

- Fundisa izingane umsindo owenziwa uhlamvu ngalunye, isibonelo: u-a we apula
- Fundisa izingane indlela yokuhlanganisa imisindo ukwenza amagama, isibonelo: i-k-a-t-i (ikati)
- Fundiza izingane ukusebenzisa imisindo ukuhlukanisa amagama abe yimisondo lapho zifunda, isibonelo: /w/o/z/a (woza)
- Fundisa izingane indlela yokuhlephula amagama abe yizinhlamvu, isibonelo: ama/-/nzi (amanzi)

**Ukuqephuza.** Uma ingane ifunda ngokushelelayo, kusho ukuthi ifunda kahle. Kufana nokuthi iyakhuluma.  Izingane kumele zifunde ukufunda umbhalo ngejubane elihle.

## Kufanele bafunde ngokunemba nangenkulumo

- Siza ingane yakho iziqeqeshe ngokuqephuza ngokubacela ukuthi bafunde imisho noma izindaba ngokuphimisela.
- Uma ingane yakho ikuthola kunzima ukufunda umbhalo okokuqala, yicele ukuthi iwufunde futhi ngokuzwakalayo.
- Khumbuza ingane yakho ukuthi ime kancane lapho ibona izimpawu zokuloba ezifana nekhoma noma isitophu.

**Ulwazimagama**
Lapho izingane zifunda amagama amaningi, zizofunda kangcono. Kufanele sisize izingane zifunde ukwakha ulwazimagama ngokuzifundisa amagama amaningi ngangokunokwenzaka. Ukufundisa ulwazimagama olusha ungasebenzisa umdlalo obizwa ngePATS.

- Khomba entweni noma esithombeni segama.
- Yenza lokho igama elikuyalayo uma kuyigama elenzayo elifana nokugxuma.
- Tshela izingane ukuthi igama lisho ukuthini uma kunzima ukuliqonda.
- Yisho igama emshweni ukuchaza incazelo yalo.

## Ukuqonda

Umgomo wokufunda ukuqonda esikufundayo. Izingane zingasizwa ngokuqondisa kwazo ngalezi zindlela ezilandelayo:

- Ngaphambi kokufunda: Buza ingane yakho imibuzo elula mayelana nekhava yencwadi kanye nendaba njengokuthi, 'Ucabanga ukuthi lendaba imayelana nani?', 'Yini eyenza uthi indaba imayelana nalokho?', 'Ungangitshela isihloko sencwadi?.
- Ngesikhathi sokufunda: Vumela izingane zikufundele umbhalo ngokuzwakalayo. Bachazele ukuthi njengoba befunda, kumele bazame ukwenza isithombe engqondweni yabo ukuze baqonde lokho abakufundayo.
- Ngemuva kokufunda: siza ingane yakho ukuthi yakhe ukuqonda kwayo indaba ngokuyicela ukuba ikutshele ngendaba ngamazwi ayo. Ungabuza imibuzo ngendaba efana nalena: 'Indaba ibimayelana nani?', Kwenzekani endabeni?', Ucabanga ukuthi kungani abantu abasendabeni benze lokho?', 'Ubungenzenjani ukube ubusendabeni?',

‘Iyiphi ingxenye oyithanda kakhulu endabeni?’, ‘Kungani kwakuyiyona ngxenye oyithanda kakhulu endabeni?’.

Vumela izingane ezincane ezifunda ebangeni R kuya ebangeni lesithathu ukuthi zizijwayeze ukufunda ekhaya, zisebenzisa izincwadi zokufunda zasesikoleni noma, izincwadi zokusebenzela zomnyango wezemfundo eyisisekelo.

Izingane ezindadlana ezisebangeni lesine kuya kwelesikhombisa zingazijwayeza ukufunda zisebenzisa incwadi yokufunda, ulimi lwasekhaya, nezincwadi zesiNgisi njengolwimi lwangaphandle, ebizwa ngokuthi i-EFL noma, izincwadi zabo zolimi ezivela emnyangweni wezemfundo eyisisekelo.

***Khumbula, ukuqonda kuwumgomo wokufunda!***

Uma izingane zikwazi ukufunda amagama asekhasini kodwa zingaqondi noma zingaxhumani nalokho ezikufundayo, kusho ukuthi azifundi.

+27 12 752-6200

info@nect.org.za

Ground Floor, Block D, Lakefield Office Park,
272 West Avenue, Centurion, 0163

https://nect.org.za/